

27 January 2012

Ebandleni Lonke
Nakubaphathi bebandla

Nginethemba lokuthi selokhu unyaka uqalile, umoya wenu unokuthula futhi ithemba lisaqinile lokuthi unyaka uqukethe amathuba amahle nenqubekela phambili kukho konke okusempilweni yenu.

Njengebandla elingcwele likaMoya, sekungusuku lwesithathu onyakeni siqale inkonzo yokuzimisa kahle phambi kukaJehova ngokuvuma izono kanye nokukhulekela ukuqina ekukholweni nasekulungeni.

Lenkonzo yokuvuma isemqoka kakhulu kulowo nalowo-muntu ozimisele ngokuphila ngobungcwele, futhi iyisinyathelo sokuqala kwezintathu eziyizimiso zebandla zokulungiselela ukuhlanguka noMenzi wethu, kulomhlango esibheke kuwo enyameni kanye futhi nalowo esibheke kuwo emoyeni ngolunye usuku.

Sesiphetha lenkonzo, silungiselela ukuthatha isinyathelo sesibili sokusondela kuNkulunkulu, ngokuzila ukudla izinsuku ezingamashumi amabili nanye (21 days). Sekungunyaka wesithathu saphiwa lakhokuzila nengimmbonga kakhulu uNkulunkulu ngakho njengoba phela kusilekelela ukuvula iminyango yeZulu ngokukhethekile.

Emazwini eNkosi uJesu, ngokuloba kukaMateu 19:21 no Marko 9:29, kuyavela ukuthi kukhona uhlobo lwezinto olwahlulwa ngokukhuleka nangokuzila ukudla kuphela. Lokhu kulandela ukuba abafundi bakhe behluleke ukukhipha amademoni yize bephiwe amandla futhi beke bakwenza ngaphambili.

Isibonelo sokuzila okunzulu ngenhloso yokwahlula isitha kanye nokugqashula izibopho ezinzima sisibona kuDaniel 10:31, ngamhla uDaniel ebambene namandla nemimoya izinsuku ezingamashumi amabili nanye. Kuzozonke lezizinsuku, wazila ukudla kwaze kwabonakala iNgelosi kaNkulunkulu kuyena izomkhulula empini yesitha. Inkosi uJesu yazila izinsuku ezingamashumi amane (40 days) ilungiselela umsebenzi kaNkulunkulu kanye nokuzinikela okwabe kuyinhloso yokuza kwakhe emhlabeni (Mateu 4:2). Ukusukela ngalolosuku, abaphostoli kanye namabandla onke akhiwa ngenxa yemisebenzi nokushumayela kwabo bahlala njalo ngokuzila ukudla nangokukhuleka.

Miningi imiphumela esiyilendele ngenxa yokuzila. Umprofethi ulsaya uyisonga kamnandi imivuzo yokukhuleka kuNkulunkulu ngokuzila okufanele futhi okuhambisana nokuhlazeka kanye nokuthobeka phambi kukaNkulunkulu (Isaiah 58:8 – 9).

Siyakholwa-ke bazalwane ukuthi njengebandla, siyakuqonda esikwenzayo uma sithatha lesisinyathelo enkolweni yethu. Asikwenzi lokhu ngoba silingisa abaningi abazilayo ukudla, kodwa sikwenza ngokuthunywa uNkulunkulu futhi ngokumenywa uyena ngenjongo yokusikhanyisela futhi endleleni yethu.

Kubalulekile-ke ukuthi singangeni enkonzweni yokuzila ukudla singaphelelisanga ukuzihlanza ngokugcwele ezibini zonke nasekoneni okuvame enyameni yethu. Ukuzila okungenanhlanzeko kofana nokumthuka uNkulunkulu ngoba singabe singena emnyango omkhulu embusweni wakhe kodwa singazenzanga ngcwele njengokumfanele yena.



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP

Ngakho, izono zonke esifundise ngazo kulamasonto amathathu, ngokulekelelwa nokuboniswa uMoya oYingcwele, kanye futhi nolwazi esinalo ngezinto ezikhinyabeza amandla ebandla, zifanele zikhishwe phakathi kwethu – hhayi ngoba silungisela umhlangano kodwa ngoba sifisa ukuzimisa kahle phambi kukaNkulunkulu.

Kufanele ngithathe lelithuba ukukhumbuzisa abazalwane ukuthi siyibandla eliqecelela amandla kaNkulunkulu phakathi kwethu ngasosonke isikhathi uma sisekudumiseni. Kuyingozi kakhulu ukusondela ebandleni kulesisikhathi kepha umuntu engazipheliselisanga ezintweni ezihlanza inyama nomphumulo/nomoya wakhe, futhi ahlambuluke.

Sizokhumbula ukuthi iminyaka ngeminyaka uNkulunkulu ubenza ihlazo enhlanganisweni yakhe labo ababuthana nebandla lisemandleni kepha bengahlambulukile emoyeni nasenyameni yabo. Abanjalo, sibabona ngezinto ezixwayekayo ebandleni nezisimangazayo. Lezizinto azenzeki emfihlakalweni, kodwa zenzeka obala lapho kubona ibandla lonke ngoba uNkulunkulu ehlose ukuvezela ibandla isibi esiphakathi kwalo – yingakho isisho saleNkonzo sithi “Unkulunkulu umveza obala umuntu.”

Nanamhlanje, sisakubona ukuvezwa kwalabo abangaphelele ekukholweni kwabo ngenxa yokungesabi lowo esimi phambi kwakhe sonke, ophilayo, futhi okhona phakathi kwethu emihlanganweni yonke esinayo ezindlini zokudumisa. Xwayani ukuthi ningethuki futhi ningamangali uma nizwa ngalezizinto noma nizibona zenzeka phakathi kwenu – uNkulunkulu usefikile njengokumbiza kwethu.

Nginipha isihlabelelo esithi “Thina siyobuthana” njalo emizini yenu emva komkhuleko wehora lesithathu kusihlwa, ukusukela namhlanje uze uyongena umhlangano. Ningahlabeleli amagama amathathu okudumisa, kepha izinsuku zonke ezendulela umhlangano, hlabelelani igama lokukhuleka ihora “Gcinani intando yakhe”, nikhuleke ngokuqinisa, emva kwalokho nihube lesisihlabelelo. uNkulunkulu usefikile phakathi kwethu njengokumbiza kwethu.

Ukusukela ngomhlaka 04 February ukuya kumhlaka 24 February, siyobe sizila ukudla nokuphuza ukusukela ekuseni lize liyokhothama ilanga. Lesi isikhathi sokukhuleka nokuhlanganyela nabazalweni emizini nasezindlini zokukhonza. Nginyanigugquzela ukuthi ngokubambisana nabaniphethe, kuvame ukuhlangana kwabazalwane ntambama ezindlini zokudumisa nasemizini ukwenza imikhuleko. Kungakuhle ukuba kuhlanganwe okungenani kanye noma kabili evikini ngokubuthana, nangokuhlela kwamabandla ngokuhlukana, kukhulekwa kanzulu.

Lesi asiyiso isikhathi sokuzincisha ukudla nje kuphela, emva kwalokho sibuyele emakhaya. Kepha isikhathi sokuhlala endlini kaJehova.

Ngifisa futhi ukukhumbuzisa ukuthi ngolwesine lwabangcwele (Wednesday), siyobe sithathu ukuzila okukhethekile ukukhulekela zonke izono eziyisibopho (Addiction) kubantu, ezinamathele egazini. Lezi zihlanganisa okuhlanganisa *utshwala, izidakamiswa, ucansi, kanye nokugembula*. Ziningi ezinye ezifuze lezi engingazibala.

Ngimema ibandla lonke ukuba lihlanganyele kanye nami kulomkhuleko wokunxusela kanye nokukhulula abantwana bakaNkulunkulu ebugqilini balezizinto. Ikakhulukazi, ngifisa ukumema imindeni nezihlobo zalabo abangaphansi kwalezizibopho, ukukhanyisa izibani emakhaya kanye nokunxusa kuNkulunkulu onamandla okukhulula izibopho zonke. Kungakuhle futhi uma ibandla lihlanganyela ezindlini zokukhonza ngalolusuku ukwenza lomthandazo.



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP

Bazalwane, ngiyakholwa ukuthi niyazi futhi niyabona ukuthi akusekho isikhathi sezinye izinto nezingxoxo kanye nemisebenzi ephambuke kulomsebenzi esibheke kuwo manje. Umhlangano awusiwo umcimbi, kepha uyinkatho minyaka yonke yokubeka uNkulunkulu endaweni yakhe phakathi kwabantu emhlabeni – kungesibo bebandla likaMoya oYingcwele kuphela – kodwa simema uNkulunkulu wabantu bonke.

Ngakho, zixegiseni ezibophweni zemisebenzi noma izinto eziphazamisayo futhi ezikhubekisayo. Zikhululeni ekukhulumeni okuyize nokungakhi, nizimise ngokufanele phambi kukaNkulunkulu. Ngilingiseni nabaholi abahambe phambi kwami uma sithatha inyanga yonke kaFebruary ukuzila okuphelele okungaphazanyiswa ilutho. Sengilungela ukumisa yonke imisebenzi nezinkulumo, akusekho okunye emehlweni ami kulezizinsuku ngaphandle kwalomlilo ovuthayo iNkosi engibizela kuwo. Abasebenza kanye nami futhi nabasondele kimi bayazi ukuthi lesi asiseyiso isikhathi sezinto ezinye ngaphandle kobizo uNkulunkulu angibizele lona. Makube njalo nakinina futhi.

Ngiyani langazelela bazalwane futhi engathi singangahlangana endaweni yaseMlazi, kodwa nginxanele ukuhlangana nani efwini – senyukela eNkosini yethu lapho indumiso ikhona. Bambelelani ebungcweleni, bambelelani kuMoya oYingcwele osenyusayo – bhekani emthini lapho uvutha khona umlilo.

Umoya wokuthula mawube nani, inhlansi yothando mayiqhakaze, imisebenzi emikhulu mayibonakale.

Onalusayo,



UMongameli PG Nzuzo
Mangataza House



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP